



UNKk Jabulile Zondi waseMpumalanga, eHammarisdale, evula ikhabethe emuva kokunikelelwa umuzi izolo uNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natal, uMnuz Ravi Pillay

Isithombe: NQOBILE MBONAMBI

Izinyembezi zenjabulo ephiwa indlu

MLUNGISI GUMEDE noKHULEKANI MASEKO

KWEHLE izinyembezi zenjabulo ebusweni bowesifazane osekulile oneminyaka engu-105, waseMpumalanga, eHammarisdale, ngesikhathi enikelelwa ngendlu izolo nguNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natal, uMnuz Ravi Pillay.

UNKk Jabulile Zondi owazalwa ngo-1911, oThukela, ubesehlale kolindela iminyaka engaphezu kuka-10 njengoba izolo engene okokuqala endlini yakhe enamakamelo amane.

UNKk Zondi unikelelwe ngendlu, ukudla waphinde wanikwa nempahla yasendlini.

Ngesikhathi kulokhu kufika abantu bezonikela ngeziphopho ezahlukeneyo.

uNk Zondi ohlala nabazukulu bakhe abathathu ubelokhu ebonakala esula kancane izinyembezi.

UNk Zondi owayeyisishoshovu soMkhonto weSizwe uthe enhliziyweni yakhe unokwesaba ngesimangaliso enzelwe sona.

Ubonge zonke izinhlaka ezimsizile ngokubambisana.

"Ningenze umuntu kade ngingelutho," usho kanje.

Ethula inkulumbo yakhe ngesikhathi kuvulwa umuzi uPillay uthe kuyihlazo ukuthi bathathe isikhathi eside ukumthola uNk Zondi ukuthi uhlala kolindela. "Ngesikhathi ngishayelwa ucingo ngamalungu omakadebona be-ANC bengibikela ngesimo sikagogo, ngabe sengibheka umlando wakhe. Ngingasho ngingananazi ukuthi kuyihlazo ukuthi sithathe isikhathi eside ukumthola ugo go lapho kade ehleli khona," usho kanje.

UPillay uthe wazitshela ukuthi uzomsiza uNk Zondi noma kanjani ukuze asuke lapho ekade ehleli khona.

"Ngiyazi ukuthi lapho bekuhleli khona uNk Zondi kukhona neminye imindeni engu-32 esahlile kolindela nayo elinde ukuthi yakhelwe imizi. Ngithi kuleyo mindeni njengoba ngiwabona amanye amalungu ayo emcimbini wanamhlanje awangalilahli ithemba sisazowakhela imizi," kusho uPillay.

UPillay uxwayise abantu ukuthi abapheze nomkhuba wabo wokumisa izinhlelo zentuthuko uma kukhona abakhala ngakho.

Uthe uma kumiswa intuthuko kunengozi yokuthi umnyango uvele ulumise uhlelo lungabe lusaghubeka.

Ikhansela lendawo uMnuz Nkosiphendule Dlamini ubonge omakadebona ngokukhipha uNk Zondi kolindela. Uthe bebengakutholi ukuphuma omakadebona bebangqongqozela befuna ukuthi indlu kaNksz Zondi yakhiwe. UDLamini uthe kuyaziwa ukuthi abantu balwa kangaka bashisa ingqalasizinda ngoba bekhala ngezindlu.



ILUME
Izindaba kuFacebook
(isolezwenews) noma
I-Sms ibiza R1,50.

ISOLEZWE
06 JULY 2016
IKHASI 4.